ISIBUKOSEZWE

Litholakala nyanga zonke • Thola izindaba zansuku zonke ku-www.isibukosezwe.com MAHHALA • 31 kuMfumfu 2026

Kuyaqhubeka ukulungiswa komgwaqo u-MR 385

Ayikakhulunywa eka-P430 no-P551

Nash Ngcobo

UBUGEBHEGEBHU nokushunqa kothuli kusazoba yimpilo yabasebenzisa umgwaqo u-M385 osuka ku-N3 udabule eHammarsdale naseGeorgedale uze uyongena eCato Ridge, buletha amathemba ngokulalelwa kwesikhalo somphakathi seminyaka eminingi ngomgwaqo ogugile.

Lokhu kufakazelwa wukulungiswa kumbe ukwakhiwa kabusha kwalo mgwaqo okumanje usuka eKeystone Ridge nasemgwaqweni ongenela e-Unit 3,4&6 uma usuka kwaWebber ubheke eMtholampilo iHlengisizwe kanjalo nebhuloho lokuwela abezinyawo kwabasuka nabaya eHammarsdale Junction Mall.

Kwenzeka lokhu nje nomgwaqo ohlukanise iGeorgedale naKwaThandaza owabhidlika ezimvuleni ezinkulu osekuphele iminyaka elinganiselwa kweyi-9 uvaliwe, ubukeka usuya ngasemaphethelweni. Lo mgwaqo kuseyiwo u-M 385 okufanele usetshenzwe wuMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.

Umgwaqo uP430 noP551 osuka eSummerveld udabule eNtshongweni uphelele Emalangeni Cemetery bese kuba ngosuka eMophela udlule eSankontshe uyoxhuma u-M 385 obheke eCato Ridge, ayikakhulunywa eyokulungiswa kwayo nayo elawulwa yisifundazwe.



ISIVIVANE Road esisuka Emalangeni Cemetery sidabule eNtshongweni size siyophela eSummerveld esimaqothuqothu ngemigodi esidale amadamu kulo mgwaqo.

Ukucikeka komphakathi kuphelezelwe yimibhikisho eyenzeke ngempelasonto yePhasika yokuzwakalisa ukunganeliseki ngokungakusukumeli kukahulumeni ukulungiswa kwale migwaqo.

Okunye okusahlalele uhulumeni ngukusukumela udaba lokuheha abatshali zimali ezimbonini zaseHammarsdale, abafulathela izwe ngemuva kokuthathwa kwezintambo zombuso wuHulumeni woBumbano.

Muva nje isimo simuncu kakhulu kwezinye zezimboni ezikhona eziphethwe ngabokufika abangenazo izimvume zokuhweba kule lizwe kanti imithetho yezwe yokuqashwa nokuphathwa kwabasebenzi ayilandelwa kwasanhlobo.

Lokhu sekuphoqe iPhini likaNgqongqoshe wezokuQashwa nezokuSebenza uMnuz Jomo Sibiya ohambele izimboni ezihlukumeza abasebenzi ngezindlela ezahlukene, okusalindelwe ukuzwa ukuthi bajeziswe kanjani nokuthi sezixazululiwe yini izinkinga ezitholakele.

Kuningi okungahambi kahle ngokuvuswa nokulethwa kwezimboni kule ndawo njengoba kwakwenzeka phambilini eHammarsdale okucacayo ukuthi kubhebhezelwe wukungamelwa kwale ndawo ephalamende likazwelonke.

Lona ngumyalezo oqinile oya emphakathini njengoba uzovotela uhulumeni wasekhaya ngoLwezi 4 (November) ngokuthi ngabantu abanjani abakulungele ukuhola lomphakathi osuhlukumezeke iminyaka eminingi ngabantu abamnyama njengabo.

UMeya Xaba akumdikizisi ukuconselwa amathe kweTheku

Nash Ngcobo

NJENGOBA selidumela emasumpeni, iphinde ibanjwe ngesithele nayo okhethweni lohulumeni basekhaya olungoLwezi 4 (November), iMeya yeTheku uCyril Xaba akumdikizisi nqulu ukuconselwa amathe kweTheku ngamaqembu ezombusazwe.

Kuningi osekushiwo ngamaqembu agaqele ukuphatha iTheku, okungehli kahle ebuholini balo mkhandlu, uXaba akuthathe njengokuthi akukho soka ladla kahle izimbangi zikhala.

La mazwi abejwayelekile enkulumweni ekhethekile abevame ukuba nayo nale liphephandaba emva kwezithangami zabezindaba abebhula kuzo umlilo ngokushiwo ngamanye amaqembu ngezinto okuthiwa zenzeka kulo mkhandlu.

Le lidolobha ligxekwa ngokungcola, ukwanda kwabokufika abangenazimvume zokuhlala kule lizwe, ukuncintelwa kwabakuleli imisebenzi nezindawo zokufunda.

Okungasali ezikhalweni wukugweva kwabokufika namabhilidi athile, ukunqamuka kwamanzi nogesi kuvale inkohlakalo enhlobonhlobo eyenziwa yizisebenzi zemikhakha eyahlukene.

Amaqembu aphambili ekuhaleleni ukuphatha iTheku wuMkhonto weSizwe Party (MKP),yiDemocratic Alliance (DA), Inkatha Freedom Party (IFP), ActionSA, African Transformation Movement (ATM), iPatriotic Alliance (PA) ukubala ambalwa.

Ukuguga kwengqalasizinda okubalwa ikakhulukazi amapayipi athutha indle nalawo athumela amanzi emakhaya nasezimbonini yizinto uMkhandlu weTheku obubanjwe ngazo ngobhongwane.

Ukudayiswa kwemisebenzi emaphoyiseni kaMetro, ukuntshontshwa nokungafundwa kwama-metre kagesi nawamanzi, okugcina kugqilaze abakhokhi bentela, akusali ezikhalweni zala maqembu.

Luqhubeka ekhasini 2



UBUHOLI beDemocratic Alliance bubikela izintatheli izikhalo zabo zokunganeliseki indlela uMasipala weTheku ophethe ngayo kanti emuva kwabo ngabalandeli abaphethe izingqwembe ezisho okufanayo. Izithombe: Nash Ngcobo

Lusuka ekhasini 1



IMEYA yeTheku uKhansela Cyril Xaba.

UMeya Xaba akumdikizisi ukuconselwa amathe kweTheku

Ukungcoliswa ngabomu kwedolobha ngabantu asebehlala emigwaqweni nangaphansi kwamabhuloho abashiya amakubo ngenxa yokungathobeli umthetho wekhaya nekhaya, konke kulindeleke iTheku libathathele izinyathelo.

ITheku lisolwa ngokungasiqinisi isandla kubantu abanjalo nosekuxoshe amabhizinisi nezivakashi ngenxa yokungaphephi okudalwa

wukungaqini kwesandla kanjalo nemithetho elawula ukuphathwa kwale ntandokazi yedolobha elalihamba phambili ngenhlazeko.

Zonke lezi zinkinga eziphakanyiswayo uMkhandlu weTheku uphezu kwazo nakuba zingakaxazululeki zonke, eyokunqamuka kwamanzi okudalwa yingqalasizinda esigugile, ukuthuthelwa ngaphandle kwemihambima kuyaqhubeka kanjalo nokushintshwa nokulungiswa kwamapayipi athutha indle, konke umasipala uyakulungisa.

Udaba lwabantu abawaka abanye ngokubakhokhisa imali ukuze bangene Ophikweni lwamaPhoyisa akwaMetro, luyasetshenzwa njengoba kukhona isisebenzi somkhandlu esimisiwe ngenxa yalo mkhuba.

Press Council FAIR

AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS

Asincome, sigxeke lapho kudingeka khona. Abadinga ukukhalinywa uma sebephuma emgqeni, akube njalo.
Uthini owakho umbono? Sibhalele kule likheli noma uxhumane nathi kwezokuxhumana.
Sitholakala ku_35 Maurice Nichols Road Hatton Estate Pinetown 3610.
Email:johnngcobo1192@gmail.com
083 301 0869 phone and whatsapp. Facebook John Ngcobo.

Ayisalanga eyokwanda kobuntu kukhunjulwa uKhaba Mkhize

Nash Ngcobo

KUPHAKANYISWE ukuqhakanjiswa minyaka yonke kwemisebenzi nesifundo ngemisebenzi yentatheli eyagqoka insimbi yabhekana ngqo nokungabikhona kobulungiswa ngaphansi kukahulumeni wengcindezelo, maqede yashumayela eyokwanda kobuntu ebantwini kuphele eyamagqubu.

Kunxuswe izintatheli zakamuva nalezo zaphambilini ngokuqhubeka nempi yokuvezwa kwamaqiniso azosiza ekuthuthukisweni komphakathi ngokulekelelana lapho zishoda khona.

Ukuchema kwezintatheli namaqembu epolitiki, ukuncetheza ngoba zifuna imvalamlomo kugxekwe kakhulu ngoba akuhambisani nezimiso zobuntatheli.

Leyo ntatheli nguMnuz Khaba Mkhize eyagqama ephephandabeni iThe Natal Witness nenkonyane yalo i-Echo okwethulwe isifundo ngayo emcimbini obuhlelwe uBumbano laBambo emcimbini osanda kuba seThe Sharks Board Hall.

Isikhulumi sosuku uDkt Lakela Kaunda osebenze noMkhize iminyaka eminingi ubonge abaseMbo ngokukhumbula leli qhawe lentatheli, umbhali wemidlalo yeshashalazi, imbongi nomgqugquzeli woxolo bese kubuyiswa nobuntu ebantwini.

Akawushiyanga ngaphandle umndeni wakwaCraib owawungabanikazi bephephandaba ngokungagodoli nemali yokuhambela izindawo ababezihambela beyobhala izindaba.

UDkt Kaunda uthi uKhabazela wayeyintatheli eyayigqugquzela ukubikwa komsuka nesiphetho sendaba bese kuthi labo abaphambanile ngombono bagcine sebethelelene amanzi.



UDKT Lakela Kaunda obeyisikhulumi sosuku esifundweni sokukhumbula uMnuz Khaba Mkhize.



AMALUNGU omndeni abonge anconcoza kuBumbano lwaBambo ngokukhumbula lesi sigayigayi sentatheli eyakhumbuza abantu ukuthi bangobani nokuthi ubuntu ebantwini.

"Baningi abalahlekelwa yimiphefumulo, izihlobo nabathandiweyo babo kuhlangene nempahla yabo ezimpini zodlame lwepolitiki, sasisatshiswa ngokubulawa sitshelwe nezindaba ezingelona iqiniso ngokubulawa kwabaholi abathile ababephikisana nenqubo kahulumeni wobandlululo.

"Lempi yayibhebhezelwa ngamaphoyisa kahulumeni wobandlululo amanye awo agcina eboshiwe agwetshwa okubalwa uBrian Mitchell wodumo lweTrust Feed Massacre noLord Kitching owayemele ukuthi izintatheli zibhale lokhu okuthandwa ngabaphathi bakhe," kuqhuba uDkt Kaunda.

Lezi ngezinye zezinto uMnuz Khaba Mkhize intatheli eyazidela amathambo yabhekana nempi abamnyama ababejuqana kuyo ngoba benezinkolelo ezingafani zepolitiki yangaleso sikhathi.

Unxuse izintatheli nababhali bezincwadi ngokuqoqa izinkondlo ezazisakazwa yi-Echo kushicilelwe ibhuku, kukhunjuzwe abantu ukuthi bangobani, baqhamuka futhi baya kuphi.

Ukugqugquzela uxolo uKhabazela ukugqamise kakhulu esesebenza kwaSouth African Broadcasting Corporation esungula izingqungqulu zomhlaba, ezazishumayela ivangeli lokwandiswa kobuntu ebantwini.

Lesi zingqungqulu zazicula iSxaxa Mbiji, esasiculwa nguHhashi Elimhlophe, uPhuzekhemisi noMfazi Omnyama, okwagcina kuvele isiqubulo esithi i-"Hierdie Hierdie Daar So" ehlanganisa abaculi bakamaskandi ngokushumayela ukubuyisana kwabantu.

Ingoma kaLebo Mathosa "Umuntu Ngabantu" yabhalwa nguKhaba kanti waqala ngomdlalo weshashalazi u"Hobo The Man," "iPity Maritzburg" nezinye izinkondlo.

Kulesi simo esiphila kusona sokwanda kwamaqembu amaningi kangaka epolitiki, angingabazi ukuthi uKhaba ngabe usewubhalile umdlalo weshashalazi oqwashisa umphakathi ngenhloso yawo, yize kuthiwa yinkululeko yokuzikhethela.

Eyokuvilapha nokukhohlakala kwezisebenzi zemikhakha eyahlukene zikahulumeni, okwaphuma imiphefumulo kufuneka wona, uKhabazela ngabe usebhalile ukuthi lokhu osekwenzeka akukona okwakuzatshalazelwa.

Izonqotshwa ngoZibandlela eyokunqamuka kwamanzi

Nash Ngcobo

UKUPHAZAMISEKA kokuthunyelwa kwamanzi ezindaweni zasePinetown, Durban North namaphethelo kusazoqhubeka ngenxa yokulungiswa kwamapayipi.

Ipayipi elikhulu elinqamula eWestville, Chatsworth lize liyofika eMlaza yilona elidala ukunqamuka kwamanzi.

UMnuz Sduduzo Mtshali oyiWater Sanitation Project Manager kuMasipala weTheku uthe ngenkathi kukhishwa amapayipi amadala kufakwa amasha, kubambezela umthamo nomfutho wokuthunyelwa kwamanzi.

"Ukugcwalisa ipayipi elisha elisuka eDurban Heights Water Treatment Works, kuthatha usuku lonke ukuthi agcwale bese efinyelela kulabo abawalindile ngendlela ejwayelekile.

"Njengamanje sisesigabeni esibizwa ngeWork Package 4&6 esinepayipi elivuzayo, okuzophoqa ukuthi lishintshwe, okuyinto ezonqamuls ukuhamba kwamanzi bese kuhlukumezeka umphakathi," kusho uMtshali.

Udalule ukuthi akuwona umsebenzi olula nosheshayo ukuthi uphothulwe.



YIYO lenkunzimalanga yepayipi elifakwayo kwiSouth Aqueduct elilinganiselwa ngaphezulu kuka_8 meters ngaphansi komhlabathi njengoba kuzophuma elidala eselineminyaka engama_70.

Uthe imbangela enkulu yalokho wukuthi lamapayipi asegugile, kufanele ashintshwe emva kweminyaka engama-50.

Njengamanje aseneminyaka engama-70 nokuyilona elidala izinkinga eziningi zokuvuza bese kuholela ekunqamukeni kwamanzi.

Udalule ukuthi umsebenzi osuwenziwe ususezingeni lika-82% ukuthi kuphothulwe ukufakwa kwalamapayipi amasha adingekayo.

Uqinisekise ukuthi lomsebenzi uzobe usuphothuliwe ngoZibandlela (December), yinqobo nje uma kungaphazamisanga imvelo.

Izinselelo ababhekana nazo yizimvula ezinkulu okufanele kukhishwe amanzi emiseleni ngaphambi kokuqhubeka nomsebenzi.

Enye ingqinamba ababhekana nayo wukungatholakali ngesikhathi i kwamaloli amakhulu okuthwala amapayipi, okuphoqa ukuthi alindwe uma esasebenza kwenye indawo.

"Ukukhononda nokudelelwa ngamanye amalungu omphakathi, okunqamula amapayipi emagcekeni awo, sekwaba yinsakavukela umchilo wesidwaba," kuqhuba uMantshinga.

Uveze ukuthi nakuba kudaleke amathuba emisebenzi kulo luhlelo, ziningi izinkinga ezidinga ukuxazululwa yibona bengumasipala.

Ezinye zazo zidalwa yizinkampani ezinkulu zokwakha ezigcina zihlulekile ukukhokhela lezi ezincane ezilekelelayo (sub contractors).

Konke lokhu kugcina sekuyidokwe eligayelwa umasipala ngoba zisuke zenza umsebenzi wakhe, ayibe isakhulunywa eyokuthi beziqashwe wubani ngaphansi kwasiphi isivumelwano.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
ITheku talks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

IMeya ihlole lapho kulungiswa khona kwiSouthern Aqueduct

IMEYA yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ihambele eWestville ngomhla ka-31 Agasti ukuyohlola inqubekelaphambili yamathimba ezamanzi nokuthuthwa kwendle emsebenzini wokulungisa indawo evuzayo etholakale muva nje epayipini elikhulu lamanzi, iSouthern Aqueduct.

Lesi sigameko siphazamise kakhulu ukuhanjiswa kwamanzi ezindaweni ezisenkabeni naseningizimu yeTheku.

IMeya iphinde yavakashela idamu iChatsworth Reservoir 4, elihlinzeka izingxenye eziningi zaseChatsworth namanye amadamu amanzi aseMlazi, ukuze izibonele mathupha umthelela wokuqhuma kwaleli payipi emazingeni amanzi kulawa madamu.

Lawa madamu athintekayo ahlinzekwa ngepayipi elilodwa.

Izindawo ezithintekile zifaka, iNorthdene, iChatsworth, uMlazi, iFolweni, iNsimbini, iShallcross, iMalvern, neKlaarwater, phakathi kwezinye.

"Ngiyajabula ukubika ukuthi sekuqashwe ongoti ukuba balungise leli payipi likakhonkolo ngaphansi, futhi bangiqinisekise ukuthi bazosebenza ngokuzikhandla," kusho uMeya uXaba ngesikhathi eyohlola lo msebenzi.



IMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ivakashele eWestville ukuyohlola umsebenzi wokulungiswa kwengxenye yepayipi iSouthern Aqueduct.

Isithombe: ENOS MHLONGO

Leli payipi likakhonkolo lihamba eduze kwalelo lensimbi eliwu-1 200 mm ububanzi. Kuzothi kungaphothulwa uhlelo lwentuthuko lukaR1.2 billion, iSouthern Aqueduct Project, olubandakanya ukufakwa kwelinye ipayipi lensimbi eliwu-1 200 mm ububanzi, ipayipi likakhonkolo elikhona liyekiswe ukusebenza.

Lolu hlelo kulindeleke ukuba luphothulwe ngoDisemba walo nyaka futhi luzoba wusizo olukhulu kubantu abangaphezu kuka-1.2 million njengoba lizoqinisekisa ukuthi amanzi ahlinzekwa ngendlela efanele. UMeya uXaba uthe ugculisekile ngenqubekelaphambili yalo msebenzi.

Kuyaqhutshekwa nokulungisa izibani zasemgwaqweni

UPHIKO lukaGesi nezaMandla luyaqhubeka nomsebenzi walo wokuqinisekisa ukuthi imigwaqo yaseThekwini ikhanya kahle njengoba amathimba ocwepheshe elungisa izibani zasemgwaqweni kulo lonke iTheku. Muva nje, ithimba elivela kulolu phiko lilungise izibani zaKwaNdengezi, laqinisekisa ukuthi izindawo ebezinezinkinga eziholele ekutheni abasebenzisa umgwaqo bangaboni kahle ziyakhanya.

Izibani zasemgwaqweni zisalokhu ziyingxenye ebalulekile yengqalasizinda kagesi kaMasipala njengoba zinesandla ekutheni izindawo zomphakathi ziphephe futhi kufinyeleleke kangcono kuzona noma sekuhlwile. Kungalesi sizathu amathimba egatsha iLighting Works eqhubeka nokulungisa izinkinga ezibikiwe ukuze aqinisekise ukuthi izibani zihlala zisebenza.

Kepha, lo msebenzi uyaqhubeka nokuba nezinselelo ngenxa yokwebiwa nokucekelwa phansi kwengqalasizinda. Ukulinyazwa ngamabomu nokususwa kwengqalasizinda yokukhanyisa emgwaqweni akugcini nje ngokufakela amathimba alungisayo ingcindezi eyengeziwe, kodwa kuphinde kushiye imiphakathi ihlezi ebumnyameni.

Naphezu kwalezi zinselelo, lolu phiko lusalokhu luzibophezele ekutholeni izindlela zokuvikela nokuthuthukisa izibani zokukhanyisa imigwaqo. Njengamanje, amathimba ahlola ubuchwepheshe nezixazululo ezingasetshenziswa. Umsebenzi oqhubeka KwaNdengezi ukhombisa ukuzikhandla kwalolu phiko ngesikhathi luqhubeka nokubheka izixazululo zokugcina iTheku likhanya. Nakuba ukulungisa izibani zasemgwaqweni kungabukeka kuwumsebenzi omncane, kufaka esikhulu isandla ekuqinisekiseni ukuthi uhlelo lokukhanyisa imigwaqo luqhubeka ngendlela efanele.



UPhiko lukaGesi nezaMandla luyaqhubeka nokulungisa izinkinga zezibani zasemgwaqweni kulo lonke iTheku njengoba kusanda kulungiswa izibani zaKwaNdengezi

Isithombe: ENOS MHLONGO



Uyivule ngenjabulo eye-Afcon 2027 uMosimane

Nash Ngcobo

UMQEQESHI weBafana Bafana uzobhekana neKenya emdlalweni olandelayo wokuhlungela i-Afcon 2027 uzodlala lomdlalo engenankinga yesikwata esizobuyisela phezulu iNingizimu Afrika ezilinganisweni zeConderation of African Football (CAF).

Lokhu kulandela ukuvula kukaPitso Mosimane ngokunqoba imidlalo emibili yokuhlungela i-Afcon 2027 anqobe kuyo iGuinea ne-Eritrea ngaphandle kobunzima.

Isikwata sabadlali abangama-30 abesiqokile uMosimane ngaphambi kwale midlalo, usihlole kule midlalo emithathu aseyidlalile okubalwa nowesihle ne-Egypt.

Yomithathu le midlalo iBafana Bafana iyinqobile ngaphandle kobunzima nokuletha elikhulu ithemba ngabadlali abasebancane lokukhuphula kakhulu izinga leNingizimu Afrika uma bengavuvukelwanga ngamakhanda.

UMosimane wenze okungajwayelekile waziwa kokuba nenkani, walalela atshelwe kona kokungasihlakazi isikwata ebesiqokwe nguHugo Broos esilethe olukhulu uguquko kwiBafana Bafana.

Asethembe iSouth African Football Association izomeseka kukho konke akudingayo uMosimane ukuze iBafana Bafana ibalwe namaqembu asiziwe enza kahle.

Khona manjalo uRaymond Mdaka oqeqesha iqembu likazwelonke lika-U/20 kufanele ashayelwe elikhulu ihlombe ngokuvikela indebe yeCosafa okwesithathu iminyaka emithathu ilandelana.

Kulo nyaka iCosafa U/20 ibidlalelwa eMozambique kanti lokhu kunqoba kuyibeke ethubeni lokungena kwi-Afcon U/20 ezodlalwa ngonyaka ozayo.

Muva nje lizidlela amahlanga emidlalweni yesihle yokulungiselela imidlalo yokuhlungela ama-Olympics azodlalelwa eCalifornia e-United States of America ngo-2028.

Ukwenza kahle kwale liqembu likaMdaka kudalwa wukuthi iningi labadlali agijima ngalo liyazana futhi yilona elinqobe i-Afcon 2025 laze layongena kwiWorld Cup U/20.



UPITSO Jingles Mosimane ojabulise abalandeli beBafana Bafana ngokuyinqobela imidlalo emibili yokuhlungela i-Afcon 2027.



BOBATHATHU ompetha beKay Motsepe School Championship exhaswe yiSanlam abagoduke nezindodla zezinkulungwane nezigi zamarandi okuzokwakhiwa ngazo izingqalasizinda zezikole zabo.

Kufezeke amaphupho ezikoleni kweyeKay Motsepe

Nash Ngcobo

OMPETHA bakazwelonke kunobhutshuzwayo bezigaba ezintathu zeKay Motsepe Schools Championship, bahlukaniselane isamba sezi-R8.6 (million) ngokuhlabana kwabo kweyamanqamu ebiseGauteng muva nje.

Lezi zikole ezihlabene kulomqhudelwano oxhaswe yiSanlam kube yiNavalsig High enqobe kubafana baka-U/19, iQueenswood Laerskool kubafana baka-U/13 neSt Marks Academy emantombazaneni ka-U/13.

Laba bafundi abaqhamuka ezindaweni zasemakhaya abebeqala ukufika eGauteng bezodlala ngaphambi kwabaqeqeshi nabahlwayi bamathalente, kufezeke amaphupho abo ngokuthola ithuba elingasoze balikhohlwe kalula emlandweni wabo.

Le lithuba liphelekezelwe yinhlanhla yokugoduka nendebe ehambisana nezigidi nezinkulungwane zamarandi ezizokwenza ngcono amagumbi okufundela, izinkundla zemidlalo enhlobonhlobo okuzosizakala kuzo nemiphakathi eminyakeni ezayo.

Olunye usizo kungaba ngolokwakhiwa kwengqalasizinda efana nkudonswa kwamanzi emhlabathini (boreholes), ukwakhiwa nokuvuselelwa kwamagumbi okufundela, ihholo, umtapo wezincwadi ne-science laboratory.

Yonke imali okuklonyeliswe ngayo labo mpetha nalabo abafinyelele kumafinal alo mqhudelwano, izoshiya ifagugu leminyaka eminingi ezayo, kugqugquzeleke nabanye abalandelayo ukuzibandakanya kwezemidlalo.

I-St Marks engompetha banyakenye kubafana baka-U/19, iphinde yabonakala isiklonyeliswa ngesi-R1 (million) ifezekisa ukuthi okwenziwe ngabafana, namantombazane angakwenza.

INavalsig High yaseFree State yehlule i-Urban Academy yase-Eastern Cape ngo-2-0 maqede yafaka emxhakeni izi-R3 (million)

I-Academy ihlonyuliswe ngezi-R700 000, isithathu siye kwiClapham High eklonyeliswe nge-R600 000 ngokunqoba ngo-3-0 iNtsu Secondary yaseFree State yona ethotshwe inhliziyo ngezi-R500 000.

Esigabeni sika-U/13 wabafana iLaerskool Queenswood yaseGauteng inqobe iSt Annes Primary ngo-1-0 maqede yaklonyeliswa ngezi-R1 (million). Kwathi iSt Annes yagoduka nezi-R400 000.

IPotch Primary yaseNorth West engene isithathu ngokunqoba iBelfast Primary yaseMpumalanga iklonyeliswe ngezi-R300 000 kwathi iBelfast yagoduka nezi-R200 000.

Emantombazaneni ka-U/13 iSt Marks yaseMpumalanga iklonyeliswe ngesi-R1 (million) ngokwehlula Ulwazi Primary ngo-3-0. Abalale isibili bathole izi-R400 000.

ISt Annes ilale isithathu yathola izi-R300 000 kwazovala iSterkspruit Primary yase-Easten Cape esule umlomo ngezi-R200 000 ngokungena isine.

IKhula Sports izokwethulela imidlalo enganakiwe

ABATHANDI nabalandeli bezemidlalo enhlobonhlobo basenhlanhleni yokubuyiswa kweKhula Sports okuyiphephandaba lokuqala ukubika ngayo yonke inhlobo yezemidlalo ngolimi lwesiZulu.

Le liphephandaba elishaya ibuya emva kokuma iminyaka engama-26 ukushicilelwa yiKhula Communications, selibuya ngaphansi kwesitebela seSankofa Enterprises (Pty) Ltd eyengamele Isibukosezwe Online.

Ukubuya kweKhula Sports akufenyisi nakancane amaphepha akhona kwezemidlalo, kodwa kuzokwandisa imidlalo okungabikwa lutho ngayo.

Inhloso enkulu yalo wukubhala ngolimi lukaMthaniya olubukeka lushabalala ngisho kwabebala elimnyama, okuyihlazo okufanele liqedwe nya bese zibuyela emasisweni.

Lokhu kugqama ngokungabikhona komsakazi wethelevishini yeSABC osakaza ezemidlalo ngesiZulu, iKhula Sports izolungisa amaphutha afana nalawa enziwa yiziphathimandla zemikhakha eyahlukene.

Le liphephanda nalo elisazotholakala ku-online lizogxila kakhulu emidlalweni yezikole kanjalo naleyo enganakiwe nesathuthukiswa emalokishini nasemakhaya.

Lokhu lizokwenza ngokuvakashela izindawo ezihlinzeka imiphakathi yayo ngayo yonke inhlobo yemidlalo, libheke ukuthi imikhombe ingenanana kanjani kule miphakathi enotho naleyo engenalutho.

Lizoqinisa ekubuyisweni kwemiqhudelwano kanobhutshuzwayo kososeshini bezindawo emazingeni abadlali abaneminyaka engaphansi kweyi-12 kuya kweyi-17, okuyinto ibukeka iwumqansa kwezinye ayikho kwasanhlobo.

Ukungabikhona kwengqalasizinda ezindaweni obekungezabamnyama bodwa kuseyinselelo enkulu namanje yize iNingizimu Afrika isineminyaka engama-32 yathola inkululeko.

Okubuhlungu kakhulu izingane ezinekhono lokudlala ibhola lomphebezo (tennis), elomnqakiswano (basketball/netball), ukubhukuda (swimming), ukuntweza olwandle (surfing/lifesaving) azinazo izinkundla nezindawo zokuzilolongela le midlalo.

Ukuvakashelana kwezikole obekuyigugu ezinganeni nakubathandi bemidlalo enhlobonhlobo phambilini, akusenzeki futhi akusakhulunywa ngakho.

Sizobika ngezinselelo ezibhekene nabadlali, izinhlangano zemidlalo nabaphathi bayo ukuze kubonakale ukuthi kungaqalwa kuphi ukuxazululwa kwezinkinga ezikhona.

Imidlalo yabaphila nokukhubazeka, eyabesifazane, eyomjaho wamahhashi, izimoto, ukuntweza ngezikebhe olwandle (powerboating), igalofu, ikhilikithi, ibhola lombhoxo, eyasebekhulile (Over 35-60's) eyezisebenzi zikahulumeni ukubala embalwa.

Abafisa ukusebenzisana nale liphephandaba bangasishayela ku-0633450279/0833010869 phone/whatsapp. Ngeminye imininingwane kungaxhunyanwa noZwelethu ku-0813036253. Email:zwelethu.ngcobo@gmail.com